UBanzi uneminyaka eyisishiyagalombili. Uhlala ecabanga ngokonga amanzi.

UBanzi ugeza amazinyo. Uvala umpompi ukuze amanzi angagelezi.

UBanzi wonga amanzi. Wenza umsebenzi omuhle!





UBanzi ugeza izandla zakhe.

Uvala umpompi uma eshikisha izandla.

UBanzi wonga amanzi. Wenza kahle!

UBanzi uvulela amanzi okugeza. Usebenzisa amanzi alingene. Bese evala umpompi.

UBanzi wonga amanzi. Wenza umsebenzi omuhle!





“Isipinashi neminye imifino kudinga amanzi,” kusho uBanzi.

Usebenzisa amanzi ageze ngawo ukunisela imifino.

UBanzi wonga amanzi. Wenza kahle!

UBanzi usekhishini. Ugeza ipani.

Uvulela amanzi ashisayo nabandayo bese evala umpompi.

UBanzi wonga amanzi. Wenza umsebenzi omuhle!






UBanzi ubona amanzi avuzayo.

Ucela owesifazane osemusha ukuba abike loludaba.

UBanzi usiza ukonga amanzi. Wenza kahle!

Asilaleleni okushiwo nguBanzi:

“Ukonga amanzi kubalulekile! Kufanele sibambisane songe amanzi. Vala umpompi, ungamoshi amanzi. Kuyisenzo esihle. Amanzi ayigugu!” kusho uBanzi.

